SANE KHUMALO – MBHENSE

# UMnu RAVI PILLAY

UNGQONGQOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL

# UMKHANKASO WOKUQWASHISA NGEMIKHAKHA YEMISEBENZI ENGAFUNDELWA

Ukwentuleka kwamakhono kuleli zwe, ikakhulu emkhakheni wezokwakha sekuphoqe iHhovisi lesifunda sase-Midlands ukuthi lisukume liye ezindaweni zasemakhaya kulesi sifundazwe lihambe lenza imibukiso yemikhakha yemisebenzi engafundelwa. Inhlosongqangi yale mibukiso yemisebenzi engafundelwa ukugqugquzela abafundi ukuba bakhethe izifundo eziphathelene nokuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nomkhakha wezokwakha.

NgoLwesithathu lomhla zimbili kuNcwaba wezi-2017, leli hhovisi lesifunda livakashele isikole samabanga aphezulu, iBhekathina High School, eseNtabamhlophe, okuyindawo yasemakhaya, Escourt.

Abasebenzi behhovisi lesifunda benza izethulo maqondana nezinhlelo zemifundaze, zokuqeqeshelwa emsebenzini (in service training) kanye nezokuthwasisa (Internship).

UNk. Dolly Hlongwane, ongumsebenzi ophikweni olubhekele Ezempilo Nenhlalakahle Yabasebenzi waluphatha ngesinono uhlelo.

Emazwini akhe okuvula kanye nawobuhlakani ayewabhekise kubafundi ayekhuthaza futhi ehlaba umxhwele wathi, "empilweni akufanele uzibekele isilinganiso sezinto ezincane kodwa kumele uphokophelele ukuzuza okukhulu ukuze uthole imiphumela emihle ekupheleni konyaka', washo lawa mazwi ekhuthaza abafundi.

Abafundi balamukela ngezandla ezimhlophe leli thuba futhi babelangazelele nokubuza imibuzo. Bakuthokozela kakhulu ukuthola ulwazi maqondana nokuthi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi wenzani kanye nokuthola ulwazi olunzulu mayelana nemikhakha yezokwakha.

UBonisiwe Mazibuko kanye noLindokuhle Sibeko ngabanye balabo abethula izinkulumo, benikeza ubufakazi babo kubafundi. Bobabili baqashwe ehhovisi lesifunda ngaphansi kohlelo lokuqeqeshelwa umsebenzi bebe besebenza ukuze bathole ulwazi bukhoma ngomsebenzi. Baqale kulolu hlelo mhla lulunye kuNcwaba wezi-2017 ngaphansi kophiko olubhekele Lwezabasebenzi. Abafundi bagqugquzelwa ukuba basebenze ngokuzikhandla ngisho sebesezikhungweni zemfundo ephakeme.

*UNk. Dolly Hlongwane ephahlwe uLindokuhle Sibeko noBonisiwe Mazibuko abaqashelwe ohlelweni lokuqeqeshelwa umsebenzi bebe besebenza*

Abafundi bakhombise enkulu intshisekelo ngenkathi belalele ngokuzimisela kwethulwa izinkulumo. UMnu. Mdluli ofundisa Izibalo kanye neSayensi eBhekathina High School wabe esebonga uMnyango egameni lesikole. Wabeka wathi, "Siyabonga eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi ngalolu hlelo. Siyisikole sinenhlanhla enkulu ukuthola leli thuba". Waphinda wagqugquzela abafundi ukuba basebenze ngokuzikhandla. "Kumele nilibambe ngazo zombili leli thuba kanti futhi yisona sikhathi sokufunda lesi", kuphetha uMnu. Mdluli. Abasebenzi boMnyango babe sebepha abafundi izikhwama zokuphatha izincwadi.

Umcimbi waphethwa ngokuthi basine badedelane oNk. Nosipho Hadebe benoMnu. Ntokozo Ndlela bethula amazwi okubonga. Bobabili laba bafundi bakulesi sikole, babonga uMnyango ngalo mcimbi oyingqayizivele wokuzobakhanyisela.

Umkhankaso wokuqwashisa ngemikhakha yemisebenzi engafundelwa uwuhlelo oluhlabahlosile futhi uzolekelela ekukhanyiseleni intsha; ikakhulukazi leyo eyayincishwe amathuba phambilini.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uzibophezele ekuthuthukiseni nasekuhlomiseni ngolwazi intsha ukuze isifundazwe saKwaZulu-Natali sithuthuke kwezomnotho.